

# NAL'IBALI

**Yenza ukufunda okubhaliwe  
kube yingxenye yempilo yomndeni  
wakho yansuku zonke**

Ingabe ukufunda yinto eyenziwa njalo emndenini wakho? Ingabe ukuxoxwa kwezindaba kuyinto eyingxenye yempilo yansuku zonke yomndeni wakho? Kuzo zonke izingxenye zomhlaba, abazali nabantu abadlala indima yobuzali babukwa njengabanakekeli abayizinhloko nothisha bezingane zabo. Yibona abavikela izingane zabo futhi basebenze kanzima ukuze baqinisekise ukuthi zikhula ngendlela efanele. Ukwabelana njalo ngezincwadi nokuxoxela izingane izindaba kungenye yezindlela ezibaluleke kakhulu zokukhulisa ukuthuthuka kwezingane okuhle.

**Make reading  
a part of your  
family's daily life**

Does your family read regularly? Are stories part of your family's daily life? In all parts of the world, parents and parental figures are seen as the primary caregivers and teachers of their children. They protect their children and work hard to ensure their positive development. Regularly sharing books and stories with children is one of the most important ways to boost children's positive development.

**Ngingakwenza kanjani ukufunda  
kube yinto ethokozelekayo?**

Uma izingane zakho zifunda ngoba zisesikoleni nalapho zenza umsebenzi wesikole ekhaya kuphela, kusho ukuthi zizokweyamanisa ukufunda nokusebenza hhayi ukuzithokozisa. Kudingeka sizifunde izingane zethu uma sifuna zifunde ukuthi ukufunda okubhaliwe kungaba yinto ethokozelekayo futhi kukuthokozise. Lokhu kuzozikhuthaza ukuthi ukufunda kube into eziyifunayo – bese ziyafunda njalunjalo. Uma ufunda izingane zakho, uzisiza zakhe ubudlelwane baphakade nezincwadi nomkhuba wokufunda. Luningi ucwaningo olukhombisa ukuthi uma izingane zifunda kakhulu ekhaya, nasesikoleni ziqhuba kangcono kakhulu.

**How do I make  
reading enjoyable?**

If your children only read at school and when they do homework, then they will learn to link reading with work and not with pleasure. We need to read to our children if we want them to learn that reading can be enjoyable and entertaining. This will inspire them to *want* to read – and then to read more and more. When you read to your children, you help them to build a lifelong relationship with books and reading. There are also lots of research studies to show that the more children read at home, the better they do at school.

**Ngingenza kanjani ukuthi  
ukufunda kube ingxenye yempilo  
yomndeni wami yansuku zonke?**

- Yiba isibonelo. Uma izingane zakho zivame ukukubona ufunda njalo, zifunda ukuthi ukufunda kubalulekile! Xoxa nezingane zakho ngalokho okufundayo bese uyazikhuthaza ukuba zibuze imibuzo ngakho.
- Zifunde izingane zakho. Hlala nezingane zakho niithokozele ukufunda incwadi ndawonye – bese lokhu nikwenza nsuku zonke! Ukuchiitha izikhathi ezinokuthula, ninethezeke ndawonye ngenkathi ufunda kukusiza uxhumane nezingane zakho.
- Khuthaza ukuzethemba kwezingane. Yazise imizamo yezingane zakho yokufunda, njengoba wawazisa amagama azo okuqala! Zeseke kakhulu ukuze uthuthukise ukuzethemba kwazo – uma zinokuzethemba sekuseduze kakhulu ukuba zinqobe le mpi yokufunda. Zinike ithuba lokuzikhethela lokho ezifuna ukufunda ngisho kunzima kuzo. Zilalele lapho zifunda bese ujabulela nje ukuzilalela, ngaphandle kokulokhu ulungisa amaphutha azo, ngaphandle uma zilucela usizo lwakho.

**How do I make reading part  
of my family's daily life?**

- Be a role model. When your children see you reading on a regular basis, they learn that reading is important! Talk to your children about what you are reading and encourage them to ask questions about it.
- Read to them. Sit with your children and enjoy a book together – and then do this every day! Spending quiet, relaxing times together while you read helps you connect with your children.
- Develop children's confidence. Value your children's attempts to read, just like you valued their first words! Give them lots of support to develop their confidence – that's half the battle with learning. Let them choose something that they want to read even if it is a little difficult for them. Listen to their reading and just enjoy listening to them, without correcting them, unless they ask for your help.

**Inyanga kaNcwaba iNyanga  
Yabesifazane! Kungani ungakhuthazi  
umndeni wakho ukuthi ufunde izincwadi  
nezindaba ezibhalwe abantu besifazane noma  
ezikhuluma ngabantu besifazane abanohlonze  
njengabalingiswa abasemqoka?**

**August is Women's Month!  
Why not encourage your family to read  
books and stories written by women or  
that feature inspiring women as main  
characters?**



Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.



# Izimbewu Zokufunda Nokubhala!

Uma obaba besiza ukunakekela  
izingane zabo, bonke bayahlomula!

## Literacy Seeds!

When fathers help care for their children, both win!

Ubuhlobo obuhle phakathi kukababa nengane yakhe bunomthelela ojulile nohlala njalo ekuthuthukeni okuhle kwengane. Uma obaba befunza, begeza, benakekela futhi bedlala nezingane zabo njalonjalo, lezi zingane zivame ukuba nokuzethemba okuthe xaxa futhi zakha ubudlelwane obuqinile nezinye izingane. Zivame futhi nokuqhuba kangcono esikoleni nasenyuvesi futhi zibakhe kalula ubungane nezinye.



A good relationship between a father and his child has a deep and lasting impact on the positive development of a child. When fathers feed, bath, care for and play with their children regularly, these children tend to be more confident and build stronger relationships with others. They also tend to do better at school and university and form friendships with others more easily.



### Kuyinto enhle ezinganeni!

Umthelela omubi wokungazibandakanyi kobaba njalonjalo empilweni yezingane zabo ubonakala ngesikhathi izingane zingena ezinkulisa. Lezi zingane, ikakhulukazi abafana, zivame ukuba nolaka kontanga bazo, noma ngabe zisondelene kangakanani nonina.



### It's good for the children!

The negative impact of fathers not interacting regularly with their children is evident by the time the children enter preschool. These children, and especially boys, tend to be more aggressive with others of their age, regardless of their relationship with their mothers.

Izingane ezinobaba abaneqhaza elicacile empilweni nasekukhulisweni kwazo:

1. zinamakhono olimi angcono, nawokuqonda kanye nokuxazulula izinkinga. Uma obaba bechitha isikhathi esiningi bedlala nezingane zabo, amaphuzu ezingane ezibalo nokufunda ayathuthuka.
2. ziba nokuzithiba okungcono futhi zikwazi ukulawula imizwa yazo nokuziphatha ngezindlela ezamukelekayo empakathini. Obaba baye baphonsele inselele imingcele yezingane zabo ngokuzikhuthaza ukuthi zizibandakanye ezingcupheni zezimo eziphephile, njengokuzama umdlalo omusha, ukuhamba uqhubekela phambili – nokuwa – ugongolo lokubhalansa noma ukwakha ubungane nomuntu omusha.
3. zivame ukuba nokubekezela nesineke. Zikwazi ukubhekana kangcono nezimo ezihlangabezana nazo zengcindezi nokukhungatheka, mancane amathuba okuba zibe senkingeni ekhaya, esikoleni nasempakathini, futhi mancane amathuba okuba zidangale ngokweqile futhi zibe nokucindezeleka.



Children with fathers who are actively engaged in their upbringing:

1. have better language, cognitive and problem-solving skills. The more time fathers spend playing with their children, the better the children's math and reading scores are.
2. have better self-control and manage their feelings and behaviour in socially acceptable ways. Fathers tend to challenge their children's boundaries by encouraging them to take risks in a safe environment, like trying a new sport, walking on – and falling off – a balance beam or making friends with someone new.
3. tend to be more resilient and patient. They are better able to deal with stressful and frustrating experiences, are less likely to get in trouble at home, in school and in the community, and are less likely to become overly sad and depressed.



Drive your  
imagination





## Kuhle kubaba!

Ukuba ubaba kuyayishintsha impilo, kobaba nasezinganeni. Nakuba kwesinye isikhathi kukhathaza ukuba ubaba, kodwa injabulo okunikela yona nobudlelwane bothando nengane yakho kwenza konke okunye kube yize leze.

1. Ukuchitha isikhathi nengane yakho kukhuthaza izingxenywe zobuchopho ezisebenza lapho usothandweni. Ukuthintana kwesikhumba sakho nesikhumba sengane yakho kwenza ubuchopho bakho nobengane yakho bukhiqize i-oksithonisini, okuyikhemikhali lemvelo elandisa imizwa yothando.
2. Izinto ezibaluleke kakhulu emadodeni ziyashintsha lapho esenezingane. Obaba abazibandakanyayo njalonjalo ekunakekeleni izingane zabo, bathola injabulo nokwaneliseka lapho bexoxa nezingane zabo.



## It's good for the dad!


Fatherhood is life-changing, for dads and for babies. As tiring as being a dad is at times, it is worth the enjoyment you will get from a loving relationship with your child.

1. Spending time with your baby stimulates the same parts of your brain that are activated when falling in love. Having skin-to-skin contact with your baby makes your and your baby's brain release oxytocin, which is a natural chemical that increases feelings of love and affection.
2. Men's priorities change when they have children. Fathers who are involved with the care of their children regularly, experience happiness and satisfaction when they interact with their children.



## Imibono yokubandakanya obaba

1. **Khuluma, ufunde futhi uculele ingane yakho.** Izingane zisuke sezikwazi ukuzwa amaphimbo phakathi nezinyanga ezi-3 zokugcina zokukhulelwa, ngakho qalisa ekuqaleni futhi uqhubeke nangemva kokuzalwa kwengane!
2. **Hamba nayo lapho unina eya eyobonana nodokotela uma ungakwazi.** Uzokwazi ukubona ukukhula nokuthuthuka kwengane yakho futhi uzizwe uxhumene nosana lwakho lungakazalwa.
3. **Yeseka imikhuba enemphilo.** Njengabazali, yidlani ukudla okunempilo futhi nigweme ukubhema nokuphuza ngesikhathi sokukhulelwa. Lokhu kuzokwenza kube lula ukuqala futhi niithokozele impilo enemphilo njengomndeni.
4. **Yiba khona lapho izalwa.** Obaba abanengi bathola ukuthi ukuhlalana nengane yabo lapho izalwa kubasiza ukuba basondelane nezingane zabo.



## Ideas to get dads involved

1. **Talk, read and sing to your baby.** Babies can already hear and recognise voices during the last three months of pregnancy, so start early and continue after the baby is born!
2. **Attend doctor's visits if you can.** You will be able to see your baby's growth and development and feel more connected to your little one before birth.
3. **Support healthy habits.** As parents, eat healthy foods and avoid smoking and drinking during pregnancy. This will make it easier to begin and enjoy a healthy lifestyle as a family.
4. **Be there for labour and delivery.** Many dads find that meeting their baby right after birth helps them bond with their babies.



## Indlela yokusebenzisa izindaba zethu ngezindlela ezihlukahlukene

1. **Xoxela ingane yakho indaba.** Funda futhi ulungiselele ukuxoxa indaba. Bese usebenzisa izwi lakho, ubuso nomzimba ukwenza indaba iphile.
2. **Fundela ingane yakho indaba.** Xoxa ngemifanekiso. Buza, "Ucabanga ukuthi kwenzekani ngokulandelayo?" noma "Ucabanga ukuthi kungani umlingiswa esho noma enze lokho?"
3. **Funda indaba nengane yakho.** Fundani indaba ndawonye ngokushintshana. Ungawalungisi amaphutha azo, futhi nikeza usizo kuphela uma zikucela.
4. **Lalela ingane yakho ifunda.** Lalela ungaphazamisi. Yisho ukuthi uyakujabulela ukuzizwa zikufundela ngokuzwakalayo.
5. **Dlalani imidlalo ethi Yenza indaba ihlabe umxhwele!** Lokhu kufanele kujabulise kuwe nasenganeni yakho.

## How to use our stories in different ways

1. **Tell the story to your child.** Read and practise telling the story. Then use your voice, face and body to bring the story to life.
2. **Read the story to your child.** Talk about the pictures. Ask, "What do you think happens next?" or "Why do you think the character said or did that?"
3. **Read the story with your child.** Take turns to read the story together. Don't correct their mistakes, and only help if they ask for it.
4. **Listen to your child read.** Listen without interrupting. Say that you enjoy hearing them read aloud to you.
5. **Do the Get story active! activities.** This should be fun for you and your child.



Drive your imagination

# Yiba nobuciko!

Inyanga kaNcwaba iNyanga Yabesifazane!

# Get creative!


August is Women's Month!

## Landela lezi zinyathelo ezingezansi ukwenza ikhadi loSuku Lwabesifazane wenzele owesifazane omthandayo.

1. Sika ulandele umugqa obomvu wamachashazi ukuze usike ukhiphe ikhadi.
2. Sika ikhadibhodi elincanyana elilingana nesithombe sembali, isibonelo, ebhokisini lesiriyeli.
3. Sebenzisa iglu ukunamathisela isithombe ekhadini.
4. Dweba ulandele umugqa wamachashazi wembali, isiqu namaqabunga.
5. Dweba ubuso bowesifazane ozothola ikhadi phakathi nendawo embalini.
6. Ecembeni ngalinye lembali, bhala igama elilodwa elimchazayo.
7. Bhala igama lakhe emaqabungeni.
8. Faka umbala esithombeni.
9. Ungakwazi futhi ukwengeza izinkinobho, ubuhlalu, iziqeshana zikaleyisi noma uqhakaza ukuhlobisa ikhadi lakho.

## Follow the steps below to make a Women's Day card for a woman that you love.

1. Cut along the red dotted line to cut out the card.
2. Cut some thin cardboard the same size as the flower picture, for example, from a cereal box.
3. Use glue to paste the picture onto the cardboard.
4. Draw along the dotted lines of the flower, stem and leaves.
5. Draw the face of the woman that will receive the card in the centre of the flower.
6. In each petal, write one word that describes her.
7. Write her name in the leaves.
8. Colour in the picture.
9. You can also add buttons, beads, pieces of lace or glitter to decorate your card.



## Yandisa umtapo wezincwadi wakho

Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi- **5** ukuya kwele- **12** alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi **5**, **6**, **11** kanye nele- **12** lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi **7**, **8**, **9** kanye nele- **10** lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



## Grow your own library. Create **TWO** cut-out-and-keep books

1. Take out pages **5** to **12** of this supplement.
2. The sheet with pages **5**, **6**, **11** and **12** on it makes up one book. The sheet with pages **7**, **8**, **9** and **10** on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



Drive your  
imagination



Ukukwenza. Wamoyizela. Wawazi kahle afuna  
enamafasitela egolide aze ayithole.



Amber smiled. She knew exactly what she wanted to do. She was going to go and find the house with the golden windows.

The next morning, Amber and her sister had breakfast together at the tiny kitchen table. "You girls have both worked very hard," said their mother, "so we thought that the two of you should have a holiday today. Go and do whatever you wish!" "Yes," said their father. "Enjoy your day and use it well." Amber's sister shrieked with excitement. "There are so many things that I want to do! I can't choose what I want to do first!" and she rushed out of the kitchen. Ekuseni ngakusasa, uSita nodadewabo badla isidlo sasekuseni ndawonye etafuleni elincane lasekhishini. "Nobabili mantombazane ami nisebenze kanzima," kusho unina, "ngakho sicabange ukuthi nobabili kumele nibe neholidi namuhla. Hambani nenze noma yini eniyifisayo!" "Yebo," kwasho uyise. "Luthokozeleni usuku lwenu niluchithe kahle." Udadewabo kaSita wamemeza ngenxa yenjabulo. "Kukhona izinto eziningi engizoyenza kuqala!" waphuma ukukhetha ukuthi yini engizoyenza kuqala! Angikwazi eshesha ekhishini.

This story is an adaptation of *The Golden Windows* by Laura E. Richards. This story was specially created for Nal'ibali to spark children's potential through storytelling and reading for enjoyment.



Le ndaba ingulungiswa kabusha kwethi *The Golden Window* kaLaura E. Richards. Le ndaba yenzelwa uNal'ibali ngokukhethekile ukuze kuvele amakhono ezingane ngokusebenzisa ukuxoxa nokufundela ukuzijabulisa.

### Get story active!

- ★ What do you love most about your home? Write a few sentences about the people or things in your home that you love.
- ★ If you could change one thing about your home, what would it be?
- ★ Draw a picture of your dream home.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Yini oyithanda kakhulu ngekhaya lakho? Bhala imisho embalwa ngabantu noma izinto ozithandayo ezisekhaya lakho.
- ★ Uma ungakwazi ukushintsha into eyodwa ngekhaya lakho, kungaba yini leyo?
- ★ Dweba isithombe sekhaya lamaphupho akho.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your  
imagination

## The house with the golden windows



## Indlu enamafasitela egolide

Kirstin Hartmann • Natalie Hinrichsen  
• Tamsin Hinrichsen

**Ideas to talk about:** What do you think the story is about when you read the title? Why do you think the house has golden windows? Who or what do you think lives in the house?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Ucabanga ukuthi imayelana nani indaba uma ufunda isihloko sayo? Ucabanga ukuthi kungani indlu inamafasitela ayigolide? Ucabanga ukuthi ubani noma yini ehlala endlini?



“Hha,” kusho uSita. “Ngifisa sengathi ngabe ngihlala endlini enjengaleya. Ngikholwa ukuthi banamakamelo amakhulu nendawo eningi kuleya ndlu. Kufanele ukuthi ingcono kakhulu kuneyakithi.” Ngalobo busuku uSita wayiphupha indlu enamafasitela egolide.



“Oh,” said Amber. “I wish I lived in a house like that. I bet they have big rooms and lots of space in that house. It must be so much better than ours.” And that night Amber dreamed of the house with the golden windows.

Amber lived in a small, square house on a narrow street on the side of a hill. Her family all worked very hard. Her mother made beautiful dresses for women, and her father made smart suits for men.

USita wayehlala endlini encane, eyisikwele, emgwaqeni ongumncingo, eqeleni legquma. Bonke abomndeni wakhe babesebenza kanzima. Unina wayethunga amasari amahle abesifazane kanti uyise wayenza amasudi amahle amadoda.



As she walked along the road, she imagined what the house would look like up close. She had never seen real gold before. She walked for a long time until she finally arrived at the top of the hill. She was surprised to see that the house was not much bigger than her own home . . . and she could not see any golden windows.

“Perhaps I should walk around the front,” she thought. She got to the front door but there was no gold at all.

Ngenkathi ehamba eceleni komgwawaqo, wayezakhele ngamehlo engqondo ukuthi indlu yayibukeka kanjani uma ususeduze. Wayengakaze alibone igolide langempela phambilini. Wahamba isikhathi eside kwathi ekugcineni wafika phezulu egqumeni. Wamangala ukubona ukuthi indlu ayinkulu kakhulu kunekhaya lakubo . . . futhi akukho mafasitela egolide awabonayo.

“Mhlawumbe kufanele ngihambe ngizungeze ngiye ngaphambili,” kucabanga yena. Wafika emnyango wangaphambili, kodwa lalingekho nhlobo igolide.



Amacimbi nawo ngokunjalo  
athanda amaqabunga.



Caterpillars love leaves too.



Some children love bugs. But do they love all kinds of bugs?

This story was specially created for Nal'ibali to spark children's potential through storytelling and reading for enjoyment.



Ezinye izingane ziyazithanda izilokazane. Kodwa ingabe zithanda zonke izinhlobo zezilokazane?

Le ndaba yenzelwa uNal'ibali ngokukhethekile ukuze kuvele amakhono ezingane ngokusebenzisa ukuxoxa nokufundela ukuzijabulisa.

### Get story active!

- ★ Which bug in this story is your favourite one? Why?
- ★ Draw a picture of any bug that you like. Write a caption under your picture. Start like this: I love ...
- ★ Are you afraid of spiders? What important work do spiders do in our environment?
- ★ What can you say or do to teach your family and friends not to kill bugs unnecessarily.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Iyiphi indaba yesilokazane eyintandokazi yakho? Kungani?
- ★ Dweba isithombe sanoma isiphi isilokazane osikhonzile. Bhala isicaphuno samagama ngezansi kwesithombe sakho. Qala kanje: Ngithanda ...
- ★ Uyazesaba izicabucabu? Yimuphi umsebenzi obalulekile owenziwa izicabucabu endaweni esihlala kuyo?
- ★ Yini ongayisho noma uyenze ukuze ufundise umndeni wakho nabangane ukuthi bangabulali izilokazane kungenasidingo.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your  
imagination

UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinza isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

## Some children love bugs



## Ezinye izingane ziyazithanda izinambuzane

Brigotte Naicker • Saskia Rezelman

**Ideas to talk about:** Do you love bugs? Why or why not? What important role do bugs play in our environment? What can we do to protect bugs in our environment?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Uyazithanda izinambuzane? Kungani uzithanda noma kungani ungazithandi? Iliphi iqhaza elibalulekile elidlalwa izinambuzane emhlabeni wethu? Yini esingayenza ukuvikela izinambuzane emhlabeni?






Some children love bugs ...  
Ezinye izingane ziyazithanda  
izinambuzane ...




Butterflies love flowers.  
Izimvamane  
zithanda izimbali.

ARRGGGHHH!  
ARRGGGHHH!







Izintuthwane zithanda  
amaqabunga.

Ants love leaves.



And others do not!

... kanti ezinye azizifuni!



Spiders love ...


Izicabucabu zona zithanda ...





Ladybirds love stems.

Omanqulwana bathanda iziqu zezihlahla.



Izingosi nazo zithanda izimbali.



Bees love flowers too.





Ngaso leso sikhathi umfana omncane wavula umnyango. USita watshela umfana ukuthi ubeyibone injani indlu enamafasitela aligolide esophahleni lwakubo. Wambuza ukuthi wayazi yini ukuthi ikuphi indlu.



Just then a small boy opened the door. Amber told the boy how she had seen the house with the golden windows from her rooftop. She asked him if he knew where the house was.

It was nearly dark when she got home. She could hear the happy voices of her mother, father and sister coming from inside. She felt happy to be home.

“Did you have a good day?” asked her father. Amber nodded.

“And did you enjoy your day?” asked her mother.

Amber smiled. “Oh yes!” she said. “And I learnt that we have such a lovely house,” she said, “and sometimes it has golden windows.”

Then they all sat down at the kitchen table, and Amber told them about her day and how happy she was to live in their small, square house on the side of the hill.

Kwase kuqala ukuba mnayama ngenkathi uSita efika ekhaya. Wayewezwa amazwi athokozile ephuma ngaphakathi, elikanina, elikayise nelikadadewabo. Wakuthokozela ukuba sekhaya.

“Ngabe ube nosuku oluhle kodwa?” kubuza uyise.

USita wamoyizela. “Ewu, yebo!” kusho yena. “Futhi ngifunde ukuthi sinendlu enhle kakhulu, ngezinye izikhathi iba namafasitela asagolide.”

Emva kwalokho, bonke bahlala phansi etafuleni lasekhishini uSita wabaxoxela ngosuku lwakhe nokuthi wayekujabulela kangakanani ukuhlala endlini yakwabo encane eyisikwele, egeleni legquma.

Ngolunye usuku uSita wafikelela umqondo. Kwakukusihlwa kusehlobo, wayesenquma ukuthatha umthungo wakhe aye nawo ophahleni oluyisicaba lwendlu yakubo encane eyisikwele. Lapho esephhezulu ophahleni wayekwazi ukubona idolobha laphaya phansi bese kuthi kude lena abone igquma. Kodwa esikhundleni sezindlu eziningi egeleni legquma, kwakukhona indlu eyodwa vo eyayakhiwe phezulu egqumeni. Ngenkathi ilanga lishona noSita ewugeda umsebenzi wakhe, isibani esisagolide sakhangisa iso lakhe. Kwakuyindlu eyayiphhezulu egqumeni, yayiyinhle. Amafasitela ayekhazimula njengegolide.

One day, Amber had an idea. It was a lovely summer evening, and she decided to take her sewing up to the flat roof of their small, square house. Up on the roof she could see the town below and, in the distance, a hill. But instead of lots of houses on *that* hillside, there was only one house built right on the top. As the sun went down and Amber finished her work, a golden light caught her eye. It was the house on the hilltop, and it was beautiful. The windows were shining like gold.







Because her mother and father were very good at what they did, many people asked them to make clothes. There was always a lot of work to do, so Amber and her sister helped their parents with the sewing. The two girls sat in the tiny bedroom they shared and worked together. But sometimes there was just not enough space for both of them AND the sewing, and they would start to argue.

Ngoba uyise nonina babengochwepheshe ezintweni abazenzayo, abantu abaningi babebacela ukuthi babenzele izimpahla zokugqoka. Kwakuhlale kunomsebenzi omningi okumele wenziwe, ngakho uSita nodadewabo babesiza abazali babo ngokuthunga. La mantombazane amabili ayehlala ekameleni lokulala elincane abelane izinto abuye asebenze ndawonye. Kodwa ngezinye izikhathi yayingekho indawo eyanele yabo bobabili KANYE nokuthungwayo, ngakho babegcina sebeqala ukuphikisana.

“Yebo, ngiyazi!” kusho umfana ngenjabulo. “Wena ubheka endaweni okungeyona. Ngilandele!”  
 “Ungayibona uma ulaphaya phezulu.” Wakhomba igatsha eliphhezulu kunawo wonke. Bendawonye bacaca baze bafika phezulu esihlahleni.  
 “Uyayibona-ke?” kubuza umfana.  
 uSita wayeyicinga ngamandla onke indlu yakubo kwamfana. “Cha,” esho ngokudangala.



“Yes, I do!” he said excitedly. “You are looking in the wrong place. Follow me!” He took her to his favourite tree. “You can see it from up there.” He pointed to the highest branch. Together they climbed to the top of the tree. “Can you see it?” he asked.  
 Amber was looking hard for the boy’s house. “No,” she said sadly.

The boy laughed. “Why are you looking at my house? Look over there . . .” and he pointed to the hill in the distance. It was the hill that Amber lived on.

She could see all the small, square houses on the side of the hill, and she could see her own house. The light of the setting sun had made the windows of her house shine a beautiful, bright gold.

“I see it!” she laughed.

“It looks like such a special place,” said the boy.

“It is,” she smiled, and they both climbed down from tree.

Umfana wahleka. “Kungani ubuka indlu yakithi? Bheka laphaya ngaphesheya . . .” wayesekhomba egqumeni elilena kude. Kwakusegqumeni uSita ayehlala kulo. Wayekwazi ukubona zonke izindlwana eziyizikwele eqeleni legquma futhi ekwazi nokubona indlu yakubo. Ukukhanya kwelanga elishonayo kwakwenza amafasitela endlu yakubo akhazimule njengegolide elihle elikhanyayo.





“Ngiyabona!” kuhleka yena.

“Ibukeka njengendawo ekhethekile,” kwasho umfana.

“Kunjalo,” wamoyizela, base behla bobabili esihlahleni.



# Books can change your life!

 TheNalibaliChannel
  nalibaliSA
  @nalibaliSA
  @nalibalisa
  @nalibalisa
  nalibalisa
  The Nal'ibali Trust
  +27 64 801 5496







# Amasela kabhanana


NguThembinkosi Mabaso Imifanekiso nguJiggs Snaddon-Wood



"Amasela!" kumemeza uGogo Matheni njengoba egijima ebheke kuThembi, indodakazi kamakhelwane wakhe. "Asensimini yami, antshontsha ubhanana wami! Ngizodayisani bakithi emakethe kusasa?"

"Uwabonile amasela, Gogo?" kwabuza uThembi ekhathazekile.

"Yebo, ngiwabone ngalawa ami womabili," kuphendula uGogo. "Namanje asephakathi ensimini yami!"



"Mangaki la masela asensimini yakho?" kubuza uThembi.

"Maningi! Umhlambi wonke," kusho uGogo ngokudangala.

"Umhlambi?" kubuza uThembi. Wayedidekile kakhulu.

"Yebo, umhlambi wezinkawu, untshontsha ubhanana wami njengoba sikhuluma nje," kusho uGogo.

UThembi athi ukucabanga isikhashana. Wabe esethi, "Uma amasela kuyizinkawu, mina nabangane bami singasiza ukuzixosha. Sibane futhi sizozixosha izinkawu ngokushesha."

"Ewu kungabe ningisizile!" kusho uGogo. "Uma nje ningazixosha, nginganibhakela isinkwa sikabhanana esimnandi kakhulu."

UThembi wayekubona kuyinto enkulu lena ngakho wagijima wayolanda abangani bakhe. Wabachazela masisha ngamasela kabhanana kanye nesivumelwano ayesenze noGogo Matheni.

"Sizothola isinkwa sikabhanana ngokuxosha izinkawu nje! Umlomelo omnandi kabi lowo!" kusho uTholi.

"Sengimi ngomumo mina," kusho uZozo enweba izingalo zakhe ezizacile.

"Yimi engizonihola," kuqhosha uDumi, nokunguye owayenamandla kunabo bonke.

Basho bahamba sebelibangise ensimini kabhanana kaGogo.

Lapho sebeseduze impela, uDumi wabakhombisa ukuthi bathule. Waqalaza wabe esekhomba isixhanti sezihlahla zikabhanana. "Naba onkabi," ehleba. "Sonke asicosheni amatsheshe ambalwa. Sizojikijela ngawo izinkawu ukuze zibaleke."

"Angiboni kuwumqondo omuhle lowo," kusho uThembi. "Phela asifuni ukuzilimaza izinkawu. Sifuna nje ukuthi ziyeke ukweba ubhanana. Akufanele sizijikijele ngamatshe."

Kodwa lutho ukulalela uDumi. Wacosha amatsheshe ambalwa wajikijela ngawo izinkawu. Amatsheshe andiza emoyeni, kodwa ngenhlankhla uDumi akazange aqondise kahle ngakho amatsheshe amaningi awela phansi noma ashaya izihlahla zikabhanana. Nokho, kodwa lokhu kwazethusa izinkawu nazo zaqala ukulwa ngokujikijela izingane ngobhanana ovuthiwe!

Kodwa izinkawu zona zazingageji njengoDumi ngakho ngokushesha nje izingane zase zithe phihli ubhanana ovuthiwe ndawo zonke. "Balekani!" kumemeza uZozo.

Lapho izingane ezine sezikude ngokwanele nensimu, zama ukuze zithi ukukhokha umoya.

"Ngikutshelile ukuthi bekungewona umqondo omuhle lowo," kusho uThembi.

"Bengicabanga ukuthi izinkawu zizobaleka," kusho uDumi.

"Ingabe lokho kusho ukuthi ngeke sisithole isinkwa sikabhanana?" kubuza uTholi. Kwabukeka ubakhathaza lo mcabango abangani bakaThembi.

"Isivumelwano sisamile, inqobo nje uma sizixoshile izinkawu," uThembi ebaqinisekisa. "Ake sizame umbono wami."

Ngokushesha uThembi wachaza, "Ngicabanga ukuthi kufanele sibange umsindo omkhulu ngangokunokwenzeka. Izinkawu zizokwethuka zibaleke."

Bonke bavuma base bephuthuma emakhaya beyolanda amabhodwe amadala, izipunu, amathini nentambo. Benza izimbobo ezincane emathinini babophela izicucu zezintambo ethinini ngalinye. Base beyahamba.

Bathi lapho befika nje ensimini, base babanga umsindo omkhulu ababengawenza.

*BHAM, BHAM, BHAM!* Kwezwakala ngenkathi uTholi noDumi beshaya amabhodwe ngezinkozo. *KEQE, KEQE KEQE!* kuhamba uThembi noZozo beshaya amathini.



Izihlahla zashukuma njengoba izinkawu zizama ukubaleka. Ukuklabalasa kwazo kwenza umsindo waba mubi nakakhulu! Izinkawu zabaleka ensimini ngokuphazima kweso wase uzibona ziyizithunzana le kude.

"Sizixoshile!" kumemeza abangani bobane. Bonke babeziqhenya kakhulu.

UDumi wabe esethi, "Kodwa kuzothiواني uma izinkawu zibuya kusasa?"

"Sizobophela amathini ezihlahleni zikabhanana," kusho uThembi. Khona-ke lapho izinkawu zizama ukugibela ezihlahleni noma uma umoya uvunguza, amathini azokhenceza futhi azesabise izinkawu."

Ngempela benza kanjalo. Njengoba laba bangane abane bephuma ensimini, bawezwa amathini ekhenceza njengoba umoya uvunguza ezihlahleni.

UGogo uMatheni wayejabule kakhulu ngokuthi amasela ayengasekho futhi ngokushesha kwezwakala sekuthaphuka iphunga elimnandi ekhishini. Njengoba noGogo esebonakala ephumela phandle ephethe ipuleti elinenqwaba yezingcezu zesinkwa sikabhanana, wabona ubuso babantu abane bejabule bemamatheka bebhake kuye. Izingane zabe ziwulungele ngempela umvuzo wazo!

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Uke wasidla isinkwa sikabhanana? Wasithanda noma wacabanga ukuthi sinambitheka kamnandi? Yiziphi ezinye izithelo esingabhaka ngazo amakhekhe?
- ★ Bhala iresiphi esebenzisa isithelo. Dweba isithombe sesidlo sakho. Mhlawumbe ukhona ozoyisebenzisa abhake ngayo!

- ★ Ucabanga ukuthi izinkawu zihle ziyathandeka? Kubukeka sengathi ziyathanda ukuzifaka otakwini nokudla ubhanana! Kungani ungazami ukubumba umfanekiso wenkawu iphethe ubhanana ngobumba noma inhlama yokudlala?



Drive your  
imagination





# The banana thieves

By Thembinkosi Mabaso ■ Illustrations by Jiggs Snaddon-Wood


Story  
corner



"Thieves!" cried Gogo Matheni as she ran towards Thembi, her neighbour's daughter. "They are in my plantation, stealing my bananas! What am I going to sell at the market tomorrow?"

"Did you see the thieves, Gogo?" Thembi asked concerned.

"Yes, I saw them with my own eyes," answered Gogo. "They are still in my plantation!"



"How many thieves are there?" asked Thembi.

"Many! A whole troop," Gogo said in despair.

"A troop?" asked Thembi. She was very confused.

"Yes, a troop of monkeys. They are stealing my bananas as we speak," said Gogo.

Thembi thought for a moment. Then she said, "Well, if the thieves are monkeys, then my friends and I can help chase them away. There are four of us and we'll chase the monkeys away in no time."

"That would be wonderful!" said Gogo. "If you chase them away, I will bake you the most delicious banana bread."

Thembi thought this was a great deal and ran to fetch her friends. She quickly told them about the banana thieves and the deal she had made with Gogo Matheni.

"Chasing monkeys in return for banana bread! What a great deal!" Tholi said.

"I'm ready," said Zozo, flexing his thin arms.

"I will be the leader," boasted Dumi, the strongest of them all.

So off they went to Gogo's banana plantation.

As they drew near, Dumi signaled for them to be quiet. He looked around and then pointed to a clump of banana trees. "There they are," he whispered. "Let's all pick up a few stones. We'll throw them at the monkeys to chase them away."

"I don't think that's a good idea," said Thembi. "We don't want to hurt the monkeys. We just want them to stop stealing the bananas. We shouldn't be throwing stones."

But Dumi would not listen. He picked up a few small stones and hurled them at the monkeys. The stones zipped through the air, but luckily Dumi did not aim very well and most of the stones fell on the ground or hit the banana trees. This did, however, give the monkeys a fright, and they started to fight back by throwing ripe bananas at the children!

The monkeys' aim was much better than Dumi's, and soon the children were covered in ripe banana. "Run!" shouted Zozo.

When the four children were far enough away from the plantation, they stopped to catch their breath.

"I told you that wasn't a good idea," said Thembi.

"I thought the monkeys would run away," said Dumi.

"Does that mean we won't get any banana bread?" Tholi asked. Thembi's friends looked quite concerned at this thought.

"The deal is on if we chase the monkeys away," Thembi reassured them. "Let's try my idea."

Thembi quickly explained, "I think we should make as much noise as possible. The monkeys will get a fright and run away."

Everyone agreed and they rushed home to fetch old pots, spoons, tins and string. They made small holes in the tins and tied bits of string to each one. Then they set off.

As soon as they reached the plantation, they made as much noise as they could.

*BAM, BAM, BAM!* it went as Tholi and Dumi beat the pots with their spoons. *CLANG, CRASH, CLANG!* it went as Thembi and Zozo rattled the tins.



The trees shook as the monkeys tried to get away. Their screeching made the noise even worse! The monkeys fled the plantation and were soon little dots in the distance.

"We did it!" the four friends shouted. They were all very proud of themselves.

Then Dumi said, "But what if the monkeys come back tomorrow?"

"We'll tie the tins to the banana trees," said Thembi. "Then when the monkeys try to climb the trees or if the wind blows, the tins will rattle and scare the monkeys away."

So that is exactly what they did. As the four friends left the plantation, they could hear the tins rattling as the wind blew through the trees.

Gogo Matheni was very happy that the thieves were gone and soon her kitchen smelt delicious. As she walked outside with a plate stacked high with banana bread, she saw four happy faces smiling up at her. The children were definitely ready for their reward!

## Get story active!

- ★ Have you ever eaten banana bread? Do you like it or think it would taste good? What other fruits can be baked into cakes?
- ★ Write a recipe for a dish that uses fruit. Draw a picture of your dish. Maybe someone will make it!

- ★ Do you think monkeys are cute? They seem to like getting up to mischief and eating bananas! Why not try to make a clay or playdough model of a monkey holding a banana?





# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Nal'ibali fun



1.

Endabeni ethi *Indlu enamafasitela egolide* uSitu nomfanyana omncane baphenduka abangani. Ucabanga ukuthi benzani kulesi sithombe? Yengeza ezinye izinto esithombeni ukubonisa ukuthi benzani. Futhi, ungengeza namabhamuza okufaka umbhalo. Bese ubhala imisho embalwa mayelana nesithombe sakho.

In the story *The house with the golden windows* Amber and a little boy become friends. What do you think they are doing in this picture? Add other things to the picture to show what you think they are doing. Also add some speech bubbles. Then write a few sentences about your picture.




---



---



---

2.

★ Uyawazi amagama alezi zinambuzane? Thukulula amagama ukuze ubone ukuthi athini.

★ Do you know the names of these bugs? Unscramble the letters to find out what they are.

A.



nyoisi • ebe

---



---

B.



imbici • tacerllpiar

---



---

C.



nemvaveu • tertubylf

---



---

D.



thwaintune • nta

---



---

E.



cabuisicabu • sderpi

---



---

Impendulo: 2. A: Inyosi, B: Icimbi, C: uvemvane, D: Intuthwane, E: Isicabucabu  
Answers: 2. A: bee, B: caterpillar, C: butterfly, D: ant, E: spider

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:



TheNalibaliChannel



nalibaliSA



@nalibaliSA



@nalibalisa



@nalibalisa



nalibalisa



The Nal'ibali Trust



+27 64 801 5496

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by ZabeNguni Media (Pty) Ltd. Nal'ibali character illustrations by Rico.

UMLAZI  
EYETHU

POLOKWANE  
OBSERVER



Drive your  
imagination

